# UHLAKA OLUYIDRAFTI LOKUZILAWULA KOMKHAKHA WOBUKRESTU EREPHABHULIKHI YASENINGIZIMU AFRIKA

**LULUNGISELELWE**
**IKHOMISHANA YAMALUNGELO E-CRL**

CRL
Rights
Commission

**NGU**

**IKOMIDI LESIKHASHANA LESIGABA 22**

**DISEMBA 2025**
**UHLAKA LWESIBILI (DRAFT V2)**

## UHLU LOKUQUKETHWE

**1 ISANDULELO .......... 2**

**2 ISENDLALELO .......... 3**

**3 ISITATIMENDE SENKINGA .......... 4**

**4 IZIMISO EZIQONDISAYO .......... 6**

**5 IZINSIKA EZIYINHLOKO ZOHLAKA .......... 7**

5.1 Ukuphathwa Kwangaphakathi Nokuziphendulela .......... 7

5.1.1 Umthethosisekelo Wenhlangano .......... 7

5.1.2 Ukuziphendulela Kwezezimali Nokubonakala Obala .......... 7

5.1.3 Amasonto Asungulwe Izakhamuzi Zakwamanye Amazwe Nezinhlangano Zakwamanye Amazwe .......... 8

5.2 Ikhodi Yokuziphatha Nobungcweti .......... 9

5.3 Ukuhambisana Nomthetho Nezimiso Ezilawulayo .......... 10

**6 UKUQALISWA KOHLAKA .......... 11**

6.3 Umkhandlu Wobukrestu Wokuziphatha Nokuziphendulela (CPCEA) .......... 11

6.4 Ukuqinisekiswa Kanye "Nophawu Lokuma Okuhle" .......... 12

6.5 Ukuxazululwa Kwezingxabano Nezijeziso .......... 13

**7 ISIPHETHO .......... 13**

**ISICHAZAMAZWI .......... 15**

**ISITHASISELO A: UMGWAQO WOKUSEBENZA NENQUBO YOKUBONISANA MAYELANA NOHLAKA OLUYIDRAFTI LOKUZILAWULA KOMKHAKHA WOBUKRESTU .......... 17**

## 1 ISANDULELO

**NJENGOBA** amalungelo enkolo ehlinzekwa eigabeni 15 no-31 zoMthethosisekelo weRiphabhulikhi yaseNingizimu Afrika, ka-1996.

*(i)* Isigaba 15(1) sithi: "*Wonke umuntu unelungelo lokuba nenkululeko kanembeza, eyenkolo, eyokucabanga, eyenkolelo kanye neyombono.*"

(ii) Isigaba 31(1) sithi: *"Abantu abangamalungu emiphakathi yamasiko, izinkolo noma izilimi ezithile abanakuphucwa ilungelo, kanye namanye amalungu alowo mphakathi - (a) lokuthokozela amasiko abo**, ukuqhuba inkolo** yabo nokusebenzisa ulimi lwabo; kanye (b) nokubumba, bajoyine futhi bagcine izinhlangano zamasiko, zenkolo nezezi*limi kanye nezinye izinhlaka zomphakathi wezakhamuzi.

**FUTHI NJENGOBA** iKhomishana Yokukhuthaza Nokuvikela Amalungelo Emiphakathi Yamasiko, Ezenkolo Nezolimi (iKhomishana ye-CRL) isungule iKomidi ngokwesigaba 22 soMthetho 19 ka-2002. IKomidi Lesigaba 22 Lomkhakha WobuKristu lisungulwe ngenhloso yokufeza umsebenzi eliwunikiwe, ukusungula izindinganiso zokuphathwa kahle kwamasonto ngabantu nangenxa yabantu, kanye nokukhuthaza nokweseka izimiso zoMthethosisekelo weRiphabhulikhi yaseNingizimu Afrika kanye nemiBhalo Engcwele. Kulesi simo, uMphostoli uPetru uthathwa njengereferensi ngokuka-1 Petru 5:2–3:

> "*Yalusani umhlambi kaNkulunkulu ophakathi kwenu, kungabi ngokucindezelwa kodwa ngokwentando kaNkulunkulu, kungabi ngenxa yenzuzo eyihlazo kodwa ngenhliziyo evumayo, kungabi njengabazenza amakhosi phezu kwamabandla enabelwa wona, kodwa nibe yizibonelo zomhlambi.*"

**FUTHI NJENGOBA** izakhamuzi zeRiphabhulikhi yaseNingizimu Afrika zihlukahlukene ngezinkolelo, amasiko, izilimi kanye nemikhuba yazo yenkolo, futhi zivikelwe ngokuphelele yilungelo lomthethosisekelo lenkululeko yenkolo, inkolelo kanye nombono.

**NAPHEZU** kwezinsolo noma imibono engalungile yokuthi uhlaka lwamanje lomthetho alwanele ukubhekana nazo zonke izinhlobo zobugebengu kanye nokuhlukunyezwa okwenzeka emasontweni.

**NAPHEZU** kokuthi noma yiluphi uhlobo lokulawula umkhakha wobuKristu, kuhlanganisa nokuzilawula, kwesinye isikhathi lusetshenziswa njengendlela yokusabisa abantu nokudala umbono ongemuhle ngeKomidi Lesigaba 22.

**NGAKHO-KE** lolu Hlelo Oluyidrafti Lokuzilawula Lomkhakha WobuKristu eRiphabhulikhi yaseNingizimu Afrika luyashicilelwa ngaphansi kwegunya loMthethosisekelo kanye noMthetho weKhomishana Yokukhuthaza Nokuvikela Amalungelo Emiphakathi Yamasiko, Ezenkolo Nezolimi, ka-2002 (uMthetho 19 ka-2002). Lolu hlelo luhlose ukufeza umoya nenhloso yaleyo mithetho, ikakhulukazi ekuqondiseni ukwenziwa kwenkolo emasontweni, ukuqondiswa nokuziphatha kobuholi bamasonto namalungu awo, kanye nokuqinisekisa ukuvikelwa okwanele koMqulu Wamalungelo abantu. Lolu hlelo luqukethe lezi zingxenye ezilandelayo: Isendlalelo, Isitatimende Senkinga, Izimiso Eziqondisayo, Izinsika Eziyinhloko Zohlaka, Imihlahlandlela Yekhodi Yokuziphatha, Isitatimende Sokweseka, Isiphetho.

## 2 ISENDLALELO

2.1 IKhomishana ye-CRL, ngokwesigaba 22 soMthetho Wokukhuthaza Nokuvikela Amalungelo Emiphakathi Yamasiko, Ezenkolo Nezolimi, ka-2002 (uMthetho 19 ka-2002), yasungula iKomidi Lesikhashana Lomkhakha WobuKristu elakhiwe ngabamele izinhlangano ezinkulu ezihlanganisa izinhlangano zobuKristu ezahlukene.

2.2 IKomidi Lesikhashana Lesigaba 22 liyawazi futhi liyawuqaphela umbiko weKhomishana ye-CRL mayelana nokuhlukunyezwa okwenzeka emasontweni, owethulwa ePhalamende ngo-2017. Liphinde liqaphele izincomo zango-2018 zeKomidi Lephothifoliyo lePhalamende, ezaholela ekusungulweni kwaleli Komidi Lesigaba 22 kanye nomhlangano kazwelonke wokubonisana owabanjwa ngo-2019.

2.3 IKomidi Lesikhashana Lesigaba 22 linomsebenzi wokubonisana nazo zonke izinhlangano nemikhakha yobuKristu ezweni lonke mayelana nokuthuthukiswa kohlaka lomthetho oluzohlinzeka ngalokhu:

a. Ukusungulwa koMkhandlu Womkhakha WobuKristu Wokuziphatha Nokuziphendulela, omele zonke izinkolo namahlelo omkhakha wobuKristu;
b. Ukubhaliswa kwezikhungo zomkhakha wobuKristu ngokuhambisana nezinhlobonhlobo zamahlelo nezinkolo;
c. Ukubhaliswa kwabakhonza nabaholi bomkhakha wobuKristu ngokuhambisana nezinhlobonhlobo zamahlelo nezinkolo; kanye
d. Nokwakhiwa kweKhodi Yokuziphatha Nezimiso Zokuziphatha yabo bonke abasebenza emkhakheni wobuKristu.

## 3 ISITATIMENDE SENKINGA

3.1 Nakuba kuqashelwa ukuhlukahluka kwamasonto okusekelwe ekuchazweni okuhlukahlukene kodwa okusemthethweni kwemibhalo engcwele, amanye amasonto asebenzisa lokhu ukugxeka, ukudelela nokuphuca amanye amasonto isithunzi sawo. Lokhu kuholela ekutheni ibandla lingakwazi ukukhuluma ngezwi elilodwa limelane nokuziphatha okungafanele nokungahambisani nezimiso zokuziphatha.

3.2 Kukhona ukuphikisana nokuzilawula kwezinhlangano zamasonto, okusekelwe wukungaqondi amalungelo omthethosisekelo waseNingizimu

Afrika anikeza abantu ngabanye kanye namaqembu ilungelo lokuzihlela ngokuzithandela ngokwezinkolelo nokholo lwabo. Lokhu kusetshenziswa ukudukisa abakholwayo ngokuthi kukhona ukulawulwa kwenkolo nguhulumeni okungenasisekelo futhi okungahambisani nomthethosisekelo.

3.3 Ukungabi khona kwezindinganiso nezimfuneko zokugunyazwa kwezikhungo zenkolo kuvimbela amasonto ekutholeni indawo efanayo yokubhekana nezinselelo zokuziphatha nezokuziphatha okuhle emkhakheni wobuKristu.

3.4 Ukuntuleka kokulawulwa kuholela ekusungulweni kwamasonto ngaphandle kwemingcele noma izinqubo ezifanele, okuyingozi enhlalakahleni yokomoya yezakhamuzi kanye nokuzinza kwezezimali zezwe ngenxa yokuhamba kwemali okungekho emthethweni kanye nokusetshenziswa kwezidakamizwa noma ezinye izinto ezidakayo.

3.5 Kukhona umkhuba okhulayo wokwenza amasonto abe yizikhungo zokuhweba kunokuba agxile ekuhlangabezaneni nezidingo zokomoya zabantu.

3.6 Abantu abangenacala, ikakhulukazi labo abasengozini nabacindezelwe njengabampofu, abantu abakhubazekile kanye nalabo abaphila nezifo ezingamahlalakhona, bayaxhashazwa ngaphansi kwesithembiso sokuthi bazothola ukuphulukiswa nokuchuma.

3.7 Ukuhlukunyezwa kwamalungu amabandla sekuyinsakavukela, lapho abanye bephoqwa ukuba badle izinto eziyingozi, izilwane ezingahlanzekile noma ezinye izinto ezingadliwa ngabantu egameni lokuphulukiswa nokukhululwa.

3.8 Ukungabekezelelani kwezenkolo, ukucwasa okungafanele kanye nokungahloniphi ukuhlukahluka sekuyinto ejwayelekile. Ezinye izinhlangano zobuKristu sezijwayele ukungabekezelelani nokungahloniphi amanye amasonto ngenhloso yokudonsela amalungu ezinye izinhlangano kuzona. Ezinye izinhlangano ziphinde zicwase amaqembu athile ngenxa yokuhambisana kwawo nezinkolo noma amahlelo athile.

## 4 IZIMISO EZIQONDISAYO

4.1 Lolu hlaka lusungulwe ngabantu bomphakathi wobuKristu baseNingizimu Afrika futhi lukhona ukuze lubasebenzele. Inhloso yalo enkulu ukukhuthaza isiko lokubonakala obala, ukuziphendulela kanye nobuholi obuziphethe kahle ezinhlanganweni zobuKristu, ngaleyo ndlela kuqiniswe ubufakazi bokuziphatha okuhle kanye nokwethenjwa ngumphakathi. Lolu hlaka lwakhiwe phezu kwalezi zimiso ezilandelayo:

**Ukuzimela Okuhambisana Nomthwalo Wemfanelo:** Kuhlonishwa ukuzimela kwezimfundiso zenkolo kanye nenkululeko yenkolo, kodwa lokhu kuhambisana nokuzibophezela ngokuzithandela ekuphathweni okuhle nasekuzilawuleni ngokuziphatha okufanele.

**Ubuqotho:** Ukugcina amazinga aphezulu kakhulu okuziphatha okuhle kanye nezimiso zokuziphatha kuzo zonke izenzo nemisebenzi yenhlangano.

**Ukubonakala Obala:** Ukusebenza ngendlela evulekile necacile ukuze amalungu kanye nomphakathi bakwazi ukuqonda indlela inhlangano esebenza ngayo.

**Ukuziphendulela:** Ukuzimisela ukuthwala umthwalo wemfanelo ngezenzo zomuntu noma zenhlangano phambi kwamalungu, abababambiqhaza, umphakathi kanye neziphathimandla zikahulumeni.

**Ukusebenzela Abanye:** Ukuzibophezela enhlalakahleni yamalungu kanye nasekuthuthukiseni impilo yomphakathi kanye nomnotho wemiphakathi yaseNingizimu Afrika.

**Ukucabangela Abanye:** Ukuhlonipha nokwamukela izinhlangano zobuKristu ezahlukene, kungakhathaliseki ubukhulu bazo, indawo ezikuyo, isimo sazo senhlalo nezomnotho, amazinga okufunda kwamalungu azo

noma uhlobo lwesikhungo sobuKristu, kungaba ngesendabuko noma sesimanje.

## 5 IZINSIKA EZIYINHLOKO ZOHLAKA

Lolu hlaka lusekelwe ezinsikeni ezintathu ezixhumene, okuyilezi: Ukuphathwa Kwangaphakathi Nokuziphendulela, Ikhodi Yokuziphatha Nobungcweti, Ukuhambisana Nomthetho Nezimiso Ezilawulayo.

### 5.1 Ukuphathwa Kwangaphakathi Nokuziphendulela

Ukuqinisekisa ukuphathwa kahle kwangaphakathi, yonke inhlangano yobuKristu ebamba iqhaza kulolu hlaka kufanele yamukele futhi isebenzise lezi zakhiwo nezinqubo ezilandelayo:

#### 5.1.1 Umthethosisekelo Wenhlangano

5.1.1.1 Isikhungo ngasinye kufanele sigcine umthethosisekelo obhaliwe, ocacile futhi oqondakalayo, ochaza izimiso eziyisisekelo zenhlangano, indlela yokukhonza, umgomo, umbono, izidingo zobulungu, izinhlaka zobuholi nokuphatha, okuhlanganisa ukuqokwa kwabantu, izindima zabo nemithwalo yemfanelo yabo, ukuphathwa kwezimali kanye nemihlangano ebalulekile okufanele ibanjwe, njengemihlangano jikelele yonyaka.

5.1.1.2 Umthethosisekelo kufanele uchaze ngokusobala izinqubo zokuqoka nokususa abaholi kanye namalungu ezinhlaka zokuphatha.

5.1.1.3 Amasonto ayakhuthazwa ukuba asungule izinqubomgomo ezihambisana nemithethosisekelo yawo kanye nezinqubo zawo zokusebenza.

#### 5.1.2 Ukuziphendulela Kwezezimali Nokubonakala Obala

5.1.2.1 Imibiko Yezimali Yonyaka: Izikhungo kufanele zilungise izitatimende zezimali nemibiko yezimali minyaka yonke.

5.1.2.2 Ukugunyazwa Kwesabelomali: Izinhlaka zokuphatha kufanele zigunyaze isabelomali, kanti noma yikuphi ukuphambuka okukhulu kuso kufanele kuchazwe futhi kubhalwe phansi.

5.1.2.3 Ukudalulwa Kolwazi: Imibiko yonyaka kufanele yenziwe itholakale ezinhlakeni ezifanele.

5.1.2.4 Ukuhlukaniswa Kwemisebenzi: Kufanele kuqinisekiswe ukuthi akukho muntu oyedwa onamandla angalawulwa ngokuphelele ekuphathweni kwezimali. Isibonelo, umuntu ogunyaza ukukhokhwa kwemali akufanele kube nguyena futhi obhala noma oqopha leyo nkokhelo.

5.1.2.5 Ukudalulwa Kwemithombo Yemali: Yonke imithombo yemali engenayo kufanele ivezwe ngokugcwele nangokucacile.

### 5.1.3 Amasonto Asungulwe Izakhamuzi Zakwamanye Amazwe Nezinhlangano Zakwamanye Amazwe

5.1.3.1 Amalungu asungulayo kufanele abe sesimweni esihle emazweni awo naseNingizimu Afrika. Lokhu kusho ukuthi kufanele abe nepasi elisemthethweni, abe khona ngokusemthethweni eNingizimu Afrika, angabi namacala obugebengu futhi ahambisane nemithetho yentela, phakathi kwezinye izidingo.

5.1.3.2 Izakhamuzi zakwamanye amazwe zizovunyelwa ukusungula amagatsha eRiphabhulikhi kuphela uma zinomzimba noma isikhungo sobuKristu esaziwayo ezweni lazo lendabuko.

5.1.3.3 Izinhlaka zokuphatha zesonto lendawo kufanele zibe neningi lamalungu ayizakhamuzi zaseNingizimu Afrika kunalawo angawokufika.

### 5.2 Ikhodi Yokuziphatha Nobungcweti

5.2.1 Zonke izikhungo kufanele zisungule Ikhodi Yokuziphatha Nobungcweti, okuyiyona bonke abasebenzi namalungu abazibophezela ukuyilandela nokuyihlonipha.

5.2.2 Okungenani, le Khodi Yokuziphatha kufanele igunyaze wonke amalungu, kuhlanganisa nalabo abasezikhundleni zobuholi nabasebenzi:

5.2.2.1 Benze izinto ngobuqotho, ukwethembeka nangozwelo empilweni yomphakathi nasempilweni yangasese.

5.2.2.2 Bagweme noma yikuphi ukuziphatha okungalimaza igama lenhlangano noma lomphakathi wobuKristu ngokubanzi.

5.2.2.3 Bagweme ukuziphatha okungafanele ngokocansi, ukuxhaphaza noma ukuhlukumeza kwanoma yiluphi uhlobo.

5.2.3 Abefundisi nabaholi benkolo kufanele bagcine imingcele yobungcweti efanele lapho besebenzisana namalungu amabandla, ikakhulukazi izingane kanye nabantu abadala abasengozini.

5.2.4 Labo abasezikhundleni zamandla akufanele basebenzise izikhundla zabo ukuze bazizuzele bona ngokwabo.

5.2.5 Amalungu kufanele agweme ukungqubuzana kwezintshisekelo, futhi lapho lokho kungqubuzana kungase kube khona, kufanele kuvezwe ezinhlakeni zokuphatha.

5.2.6 Ukubonakala obala kufanele kugcinwe kuyo yonke imisebenzi yokuqoqwa kwezimali, kucaciswe kahle injongo yemali eqoqwayo.

5.2.7 Ulwazi olwabiwe ezimeni zokwelulekwa ngokomoya noma zokwelulekwa kufanele lugcinwe luyimfihlo, ngaphandle kwalapho umthetho ufuna ukuba

lubikwe, (njengasezimweni zokuhlukunyezwa kwezingane noma lapho kunosongo oluqinisekile lokulimala kwabanye.)

5.2.8 Kufanele kube nokuzibophezela ekuphatheni bonke abantu ngesithunzi nangenhlonipho, kungakhathaliseki uhlanga, ubulili, ubuzwe noma isimo sabo senhlalo nezomnotho.

**5.3 Ukuhambisana Nomthetho Nezimiso Ezilawulayo**

5.3.1 Izinhlangano ezibamba iqhaza kufanele zizibophezele ekusebenzeni ngokuhambisana nemithetho yaseNingizimu Afrika.

5.3.2 Izinhlangano zomkhakha wobuKristu kufanele zibhaliswe njenge: Inhlangano Engenzi Nzuzo (NPO) eMnyangweni Wezentuthuko Yomphakathi; noma Inkampani Engenzi Nzuzo (NPC) kuKhomishini Yezinkampani Namalungelo Empahla Yobuhlakani (CIPC); noma ngaphansi kwanoma yiluphi olunye uhlaka olusemthethweni olwamukelwe ngumthetho. Lesi sinyathelo sibalulekile ekwakheni ukwethembeka nokwethenjwa komphakathi.

5.3.2 Kuphakanyiswa ukubhaliswa kwa-SARS njengeNhlangano Yenzuzo Yomphakathi (PBO) ukuze kuvunyelwe ukukhishwa kwamarisidi okudonswa kwentela ngokwesigaba 18A ngeminikelo etholwayo.

5.3.3 Izikhungo kufanele zihambisane nayo yonke imithetho yentela, kuhlanganise ne-PAYE yabasebenzi kanye ne-VAT lapho kufanele khona.

5.3.4 Amarekhodi ezimali anembile kufanele agcinwe okungenani iminyaka emihlanu njengoba kudingwa ngumthetho.

5.3.5 Kufanele kulandelwe: uMthetho Wezimo Eziyisisekelo Zokuqashwa (Basic Conditions of Employment Act), uMthetho Wezobudlelwano Emsebenzini (Labour Relations Act), kanye noMthetho Wokulingana Emsebenzini (Employment Equity Act). Bonke abasebenzi kufanele banikwe izinkontileka zokuqashwa.

5.3.6 Kufanele kuqinisekiswe ukuthi zonke izakhiwo nezindawo zenhlangano zihambisana nezindinganiso ezijwayelekile zezempilo nezokuphepha.

5.3.7 Kufanele kusetshenziswe Inqubomgomo Eqinile Yokuvikela Izingane, ehlanganisa ukuhlolwa okufanele kwabasebenzi namavolontiya asebenza nezingane kanye nabantu abasengozini, ngokuhambisana noHlu Lukazwelonke Lokuvikela Izingane.

5.3.8 Kufanele kulandelwe uMthetho Wokuvikelwa Kolwazi Lomuntu Siqu (POPIA) ngokuqoqa, ukugcina nokusebenzisa imininingwane yamalungu nabanikeli ngendlela efanele nenesibopho.

5.3.9 Izimvume noma izitifiketi zokuhlala nokusebenzisa izakhiwo ezidingekayo kufanele zitholakale kuziphathimandla zendawo. Lezi ziphathimandla kufanele zinikeze ukwesekwa okufanele lapho kudingeka khona.

## 6 UKUQALISWA KOHLAKA

Ukuze kuqinisekiswe ukusebenza kahle kwalolu hlaka, kuzosungulwa uhlaka lukazwelonke oluzimele oluzobhekelela ukuqaliswa, ukuqapha kanye nokweseka ukusetshenziswa kwalo.

### 6.3 Umkhandlu Wobukrestu Wokuziphatha Nokuziphendulela (CPCEA)

6.1.1 UMkhandlu WobuKristu Wokuziphatha Nokuziphendulela (Christian Practice Council for Ethics and Accountability – CPCEA) uzosebenza njengenhlangano ezimele ehlanganisa abaholi bobuKristu abahlonishwayo abavela ezinhlakeni ezahlukene, kanye nochwepheshe abangamaKristu kwezomthetho, ezezimali kanye nezimiso zokuziphatha. I-CPCEA izobamba iqhaza, lapho kufanele khona, eMkhandlwini Wabasebenzi Bezenkolo ozosungulwa yi-CRL ngokuhambisana neMigomo Yokusebenza YeKomidi Lesigaba 22.

6.1.2 Imisebenzi yoMkhandlu izombandakanya, kodwa ingagcini kulokhu okulandelayo:

6.1.2.1 Ukugcina irejista yomphakathi yezinhlangano zobuKristu ezamukele ngokuzithandela futhi zaqinisekiswa ngaphansi kwalolu hlaka.

6.1.2.2 Ukuthuthukisa imihlahlandlela ephelele namathuluzi okusiza izinhlangano ekusebenziseni lolu hlaka.

6.1.2.3 Ukuhlinzeka ngokuqeqeshwa mayelana nokuphatha, ukuphathwa kwezimali kanye nokuziphatha okuhle.

6.1.2.4 Ukwamukela nokuphenya ngokuyimfihlo izikhalazo ezimelene nezinhlangano ezingamalungu mayelana nokwephulwa kwalolu hlaka.

**6.4 Ukuqinisekiswa Kanye "Nophawu Lokuma Okuhle"**

6.2.1 Izinhlangano ezingakhombisa ukuthi zihambisana nezindinganiso zalolu hlaka (ngokwesibonelo ngokuletha imithethosisekelo yazo, izinqubomgomo ezamukelwe kanye nobufakazi bokuhambisana nezidingo zikahulumeni zonyaka ezifana ne-NPO kanye nezindaba zentela) zizoklonyeliswa yi-CPCEA ngo: **"Uphawu Lokuma Okuhle" (Seal of Good Standing).**

6.2.2 Lolu phawu luzosebenza njengobufakazi emphakathini bokuthi inhlangano izibophezele ekuziphenduleleni nasekuziphatheni okuhle. Luzophinde lusize amalungu amabandla, abaxhasi kanye nabaxhasi bezimali ukuba benze izinqumo ezinolwazi mayelana nezinhlangano abazihlanganisa nazo noma abazisekelayo.

### 6.5 Ukuxazululwa Kwezingxabano Nezijeziso

6.3.1 I-CPCEA izosungula inqubo enobulungiswa, esobala futhi ethembekile yokusingatha izikhalazo nezikhalo.

6.3.2 Izijeziso zokungahambisani nalolu hlaka zingambandakanya: Ukufuna ukuthi inhlangano ilungise amaphutha ayo ngokohlelo lokulungisa oluqondile; Ukumiswa kwesikhashana koPhawu Lokuma Okuhle; Ukukhishwa ngokuphelele ohlwini lwezinhlangano eziqinisekisiwe; Ukwaziswa komphakathi ezimweni ezinzima noma lapho ukwephulwa kwemithetho kuphindaphindwa.

## 7 ISIPHETHO

7.1 Lolu hlaka oluyidrafti lokuzilawula aluhloselwe ukulawula inkolo nguhulumeni. Kunalokho, luyisinyathelo esithathwe ngokuzithandela umphakathi wobuKristu ngenhloso yokuvikela ubuqotho bawo, ukubuyisela nokwandisa ukwethenjwa komphakathi, kanye nokuqinisekisa ukuthi ubuKristu buqhubeka nokuba yithuluzi elinamandla lokwenza okuhle emphakathini waseNingizimu Afrika. Ngokwamukela lolu hlaka, izinhlangano zobuKristu ziyaqinisekisa ukuthi ukholo lweqiniso alubonakali kuphela ekushumayeleni kodwa nasekusebenziseni izimiso eziqinile zokuziphatha nokuziphendulela.

7.2 Uhlaka oluhlongozwayo lokuzilawula eNingizimu Afrika lubalulekile futhi luhambisana nezindlela ezingcono kakhulu ezisetshenziswa emhlabeni wonke, ngenkathi lulungiselelwa izimo nezidingo zaseNingizimu Afrika.

7.2.1 Ukugwema Ukweqisa: Lolu hlaka luthatha indlela ephakathi nendawo phakathi kwezinhlelo ezinokulawulwa okuncane kodwa ezinobungozi obukhulu, kanye nalezo ezilawulwa kakhulu nguhulumeni.

7.2.2 Ukuhambisana Namazwe Ahamba Phambili: Lolu hlaka lulingisa amazwe ahamba phambili ngokugxila ekubonakaleni obala, ukuphatha kahle kanye nokuziphendulela ngokusebenzisa uPhawu Lokuma Okuhle.

7.2.3 Isinyathelo Esidingekayo Nesifike Ngesikhathi: Kunomkhuba ocacile emhlabeni wonke wokwandisa ukuziphendulela kwezinhlangano. Ngokuzilawula ngendlela eqinile, izinhlangano zobuKristu zaseNingizimu Afrika zingahamba phambili kulolu shintsho, zivikele ukuzimela kwazo futhi zakhe kabusha ukwethenjwa komphakathi.

7.2.4 Ukuvala Izikhala Ezibucayi: Ukugxila okuqinile kwalolu hlaka eKhodini Yokuziphatha nasekuVikelweni Kwezingane kubhekana ngqo nezimbangela ezivamile zokwehluleka kwezikhungo emhlabeni wonke. Ngakho-ke, lolu hlaka alulona nje ithuluzi lokuhambisana nemithetho kuphela, kodwa luyindlela ebalulekile yokulawula ubungozi kanye nokuqinisekisa ubuqotho bezimiso zokuziphatha.

**ISICHAZAMAZWI**

| | |
|---|---|
| **Izinhlangano ZobuKristu** | Iqembu lezinhlangano ezakhiwe phezu kwezinkolelo zobuKristu ezifanayo ngenhloso yokukhulisa ukholo noma ukusiza abantu ngokusebenzisa izimiso zobuKristu. Lokhu kumbandakanya amasonto, iminyango yenkonzo nezinye izinhlangano ezihlukahlukene, ezihlanganiswe ukholo olulodwa kodwa zihluke ngezindlela zokuphatha, zokukhonza, zokusebenza kanye nezinsiza ezizihlinzekayo, njalo zizama ukuphila nokubonakalisa uthando nezimfundiso zikaJesu emhlabeni. |
| **Umkhakha WobuKristu** | Kubhekiselwa kuwo wonke amahlelo, amasonto kanye nezinhlangano ezingaphansi kobuKristu. |
| **UMkhandlu Womkhakha WobuKristu Wokuziphatha Nokuziphendulela** | Umkhandlu osungulelwe ukuthuthukisa nokwengamela uhlaka lokuzilawula olugxile ekuziphatheni nasekuziphenduleleni kwabakhonzayo nabaholi kuwo wonke amahlelo obuKristu. |
| **IKomidi Lesikhashana Lesigaba 22** | IKomidi elasungulwa yiKhomishana yaseNingizimu Afrika Yokukhuthaza Nokuvikela Amalungelo Emiphakathi Yamasiko, Ezenkolo Nezolimi ngenhloso yokubhekana nokuhlukunyezwa, ukukhuthaza ukuziphendulela kanye nokusungula ukuzilawula |

| | |
|---|---|
| | emkhakheni wobuKristu, kuhlanganisa nokuthuthukisa amakhodi okuziphatha. |
| **Ukuzilawula** | Imihlahlandlela, izindinganiso kanye namakhodi okuziphatha aklanyelwe ukukhuthaza ukusebenza kahle, ukuqinisekisa ukuziphendulela nokwakha ukwethenjwa komphakathi, athuthukiswa, asekelwe futhi asetshenziswe umkhakha wobuKristu uqobo. |

**ISITHASISELO A: UMGWAQO WOKUSEBENZA NENQUBO YOKUBONISANA MAYELANA NOHLAKA OLUYIDRAFTI LOKUZILAWULA KOMKHAKHA WOBUKRESTU**

IKomidi Lesigaba 22 lizokwenza ukubonisana ezingeni likazwelonke nababambiqhaza abahlukahlukene ngokusebenzisa izindlela ezahlukene ukuze kuqoqwe imibono, iziphakamiso kanye namazwana ngaphambi kokuphothulwa koHlaka Lokuzilawula Lomkhakha WobuKristu.

Abanye bababambiqhaza abazobonisana nabo bahlanganisa:

1. Izinhlangano ezinkulu nezihlanganisayo zobuKristu;
2. Abaholi Bendabuko;
3. Abaholi Bamahlelo ObuKristu;
4. Abefundisi Bezihlanganiso Zobuzalwane kanye Nabefundisi Ngabanye;
5. Amalungu ObuKristu kanye Nabasinde Ekuhlukunyezweni;
6. Izikhungo ezifanele zeSahluko 9 zoMthethosisekelo (isib. iKhomishana Yobulili kanye neKhomishana Yamalungelo Abantu);
7. Iminyango Kahulumeni efanele (isib. i-COGTA kanye noMnyango Wezasekhaya);
8. Umphakathi Jikelele;
9. Ukuqhathanisa nezikhungo ezifanele ezifana noMkhandlu Wochwepheshe Bezempilo kanye neNhlangano Yabameli;
10. Ukuqhathanisa namanye amazwe;
11. Ukubonisana Kwezenkolo, Kwezemfundo kanye Kwezomthetho;
12. Ukuphothulwa kombiko kanye nokwethulwa kwawo eKomidini Lephothifoliyo lePhalamende;
13. Ukusungulwa koMkhandlu Womkhakha WobuKristu Wokuziphatha Nokuziphendulela.